# U-SARS UYASEMUKELA ISILINGANISO SEMALI ENGENAYO ESIBUKEZIWE

Tshwane, 24 kuNhlolanja 2021- UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) uyasemukela isilinganiso esenyusiwe semali engenayo eqoqwayo esibukeziwe esimenyezelwe uNgqongqoshe wezeziMali uTito Mboweni ngenkathi ethula Isabiwomali esiBukeziwe ePhalamende namuhla.

Ubhubhane lokhuvethe i-COVID-19 lube nomthelela omubi ekuqoqweni kwentela engenayo ngenxa yokuwa kwezomnotho okungaphezulu kwesimo esibucayi sezimali esasibhekene naso ngowezi-2008. Ubungozingqangi ekukhuleni komnotho nasemalini engenayo yikho okuseyinkinga ngalolu bhubhane lwe-COVID-19. Lokhu sekubhebhethekise ukulahleka kwemisebenzi kanye nokudilizwa emisebenzini, ukwehla kwamazinga esidingo sezinto ezisetshenziswayo, ukugqilazeka kwezinkampani ngemivuzo kulandela ukuvalwa thaqa kokunyakaza ezweni kanye nokungaqiniseki ngezidingo zomhlaba wonke.

Isikhwama i-*International Monetary Fund* ilindele ukuthi umphumela we-GDP yaseNingizimu Afrika ugqilazeke kakhulu ngokuncipha ngamandla okungu-7.5%. Ukusebenza komnotho kulindeleke ukuthi kufake umfutho ngowezi-2021; kodwa-ke, iziqubu ezintsha kanye nokusha okwehlukile kwegciwane kuletha ukukhathazeka uma kubhekwa izigameko zakamuva zokuphasiswa komgomo. Ukulindeleka kokuntengantenga komfutho wokukhula kuveza umphumela olokhu usilandele njalo wobhubhane nokungabangela ukuthi izindlela ezikhona zokumelana nalokhu kudingeke ukuthi zihlale zikhona.

Umphumela wemali engenayo ugqamisa umthelela omkhulu omubi we-COVID-19 kulo mnotho odonsa kanzima. Obekulindeleke ekukhuleni kwentela kwehle kakhulu emva kweSabiwomali sangowezi-2020. Ukuqoqwa kweNtelangeniso loMuntu i-*Personal Income Tax* (PIT) kuthikanyezwe ukukhula kokungasebenzi kanye nokwehla kwamaholo. Ukuqoqwa kweNtelangeniso Yenkampani i-*Corporate Income Tax* (CIT) selokhu kwaba ngu-2018/19, okubangelwa ukwehla kwemivuzo yezinkampani, phakathi kokunye. Intela eqondile/yokuthile kulindeleke ukuba yehle cishe ngama-50% ngenxa yokuthitshelwa ngomthetho kwemisebenzi yokuhweba kanye nokuhlehliswa kwentela.

Kusukela ngoMfumfu kowezi-2020, kube nokuba ngcono okunamandla kunalokhu obekulindelekile kuntela yeNtelantengo yakuleli i-*Domestic Value-Added tax* (VAT) nakuntela yoMnyango wokuThelisa kulandela ukunyuka kokusetshenziswayo selokhu kuxegiswe imigomo yokuthitshelwa umthetho. Ukuqoqwa kwe-VAT yanyanga zonke kusukela ngoNcwaba kwakungaphezulu kunokwangenyanga efanayo kowezi-2019, ukuqoqwa kweLevi yokusaPhethilomu nakho kunyukile.

Ukuqina kwamanani emikhiqizo ewusizo ngasekupheleni kowezi-2020 kuhambisana nokwehla kwamandla erandi kukulekelele ukuthengiswa kwemikhiqizo ewusizo njengoba kunyuka isidingo sayo emhlabeni wonke, lokho okuholele ekunyukeni kwentela yemali engenayo eqoqiwe (CIT yesikhashana) embonini yemigodi yezimayini.

Phezu kwezinselelo nokusebenza ngaphansi kwendawo enengcindezi, ukuqoqwa kwemali engenayo kusangaphezulu kwalokhu okwabekwa kuMfumfu yowezi-2020

kusiTatimende seNqubomgomo yeSabiwomali samaPhakathi noNyaka (MTBPS). Ngenxa yokunyuka kokusetshenziswayo kanye nokubuya kwemiholo phakathi kukaMfumfu noZibandlela yowezi-2020, kanye nokulekelelwa ukutholakala kwe-CIT evela embonini yemigodi yezimayini, ukuqoqwa kwemali engenayo yangowezi-2020/21 kulindeleke ukuthi kube ngaphezulu ngo-R99.6 billion kunesilinganiso se-2020 MTBPS.

Ngalokho-ke, uNgqongqoshe wenyuse isilinganiso semali engenayo ngoba kulindeleke ukuthi senze kangcono ekuqoqweni kwemali engenayo engu-R1 212.2 billion kanti isilinganiso sangowezi-2021/22 sibekwe ku-R1 365.1 billion. Isilinganisonani se-FY2020/21 sentela uma iqhathaniswa ne-GDP manje sime ku-24.6% kanti kulindeleke ukuthi sibuyele emazingeni esasikuwo ngaphambi kwe-COVID 19 esasingu-26.3% kunyakamali wezi-2027/28. Ukuqoqwa kwemali engenayo okulindelekile okungu-R1 212.2 billion kuveza intela engenayo yonyakamali kuze kube kuNdasa wezi-2021 encipha ngesivinini esiphezulu ngezinga elingu-10.6% kunomnotho wona okulindeleke ukuthi wehle ngezinga elingu-4.4% ngesikhathi esifanayo. Imali engenayo ithikamezwe yilokhu phakathi kokunye kubalwa izindlela zokuzama ukwehlisa umthwalo wentela, ukuphunzelwa kwezinkampani okubangele ukuba kwehle izinga lokufukuleka kwezintelangeniso zezinkampani, ukwehla kwesibalo sabasebenzayo kanjalo nokwehla kwemiholo okube nomthelela omubi ezinteleni zokuqasha kanye nokungabuyeli esimweni ngesivinini esifanele kwezinga lokusetsheniswayo kubuyele emazingeni angaphambi kokugasela kwe-Covid19 lokho okuthikameza ukuvuka kwezintela zezinto ezisetshenziswayo. Okunye futhi, ukwehla ngamandla kwesilinganisonani emalini engenayo kuveza umthelela wokuvalwa kokudayiswa kotshwala nogwayi kanye nezintela zempahla. Phezu konyaka onezinselelo ezinkulu, uSARS uqinise izindlela zawo zokuthobela okube nomthelela kaR107bn obonakalayo emalini ebikiwe engenile kuze kube mhla zingama-31 kuzibandlela 2020.

Ukungaqiniseki ngesimo somnotho kungenzeka kuqhubeke kuze kube unyaka wezi-2021/2022 kodwa sizimisele ukusebenza ngozimisela nokuphikelela, senze konke okusemandleni, ukuze sifinyelele kulokhu okucatshangelwayo. Sizoqhubeka nokuhlinzeka isiqiniseko, ingcaciso kanye nokuthi abakhokhintela bakwazi ukuqagela ukuthi kuzokwenzakalani ukuze bakwazi ukufeza izibophezelo zabo. USARS unyusa izinga lamasu amasha ukufeza umbono wawo wokwenza kungabi nazihibe kulabo abahola imiholo evamile, nokwenza kube lula kubo bonke abakhokhintela ukuba bakwazi ukuxhumana nesikhungo. Njengoba sijulisa umkhuba wokuthobela ngokuzithandela, siphinde senze kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abazimisele ngokungathobeli.

Sisohambweni lokwakha "uSARS wesimanje, ohloniphekile ngokungangabazeki, othenjwayo futhi oyisibonelo esihle”. Okwamanje sigxile kokumbalwa okuseqhulwini phakathi kwakho okubalwa ukukhulisa izinga lemininingo yabakhokhintela ngokusebenzisa umuntu oseceleni kanye neminye imithombo yolwazi, kanye nokunyusa ukusetshenziswa kwemininingo ngokufunda ngomshini nobuhlakani bobuchwepheshe. Sigxile kuntela, ukunyusa izinga lokuthobela intela, kanye nokunyusa izinga lokugxila kuntela yobucebi, kanye nokunyusa izinga emizamweni yokuphendula nokubhekana nomnotho ongemthetho nowobugebengu.

Sibonga kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika ngegalelo lenu nokuseseka kwenu.

Intela yakho ibalulekile!

Sicela ubheke lokhu okunamathiselwe ukuze ubone imifanekiso yemali engenayo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za